# HILLCREST HIGH SCHOOL

## HILLCREST HIGH SCHOOL
**UKUHLOLA KOKANHLANGULANA**

## IBANGA LE-11

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**
**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**JUNI 2024**

**IMIKLOMELO: 70** **ISIKHATHI: Amahora ama-2**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuphendula imibuzo.
2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: Inoveli | Amanyal' Enyoka – Mandla Ndlovu | (35) |
| ISIQEPHU B: Umdlalo | Kusa Kusa – S.P. Nhleko | (35) |

3. Phendula LONKE iphepha.
4. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni le mibuzo.
5. Landela imiyalelo esekuqaleni KWESIQEPHU NGASINYE.
6. QALA ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo

## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: AMANYAL'ENYOKA – M. Ndlovu

Funda IZIQESHANA EZIMBILI ezingezansi (u-A no-B) bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

Wahleka uTebogo wabheka phansi wanikina ikhanda. Wayezibuza eziphendula ukuthi kungabe udukile noma nje uhlangene nosomahlaya wentokazi ezenza insizwa.

"Phuma uphele emzini wami ngoba awuzazi ukuthi uzeleni lapha," uPat naye wavusa ezakhe izinhlozi, emkhombisa ngomunwe ukuthi lingakuphi isango okumele aphume ngalo. "Ngikhuluma nawe, wena uyangihleka ungenza inhlekisa," waveva izindebe zomlomo.

"Kahle ngolaka bo sisi…"

"Ubani usisi wena? Awuzwanga ukuthi ngithe yimi Ubaba walapha ekhaya? Usaqhuba kona ukwedelela kwakho? Hhi?" esondela kancane uPat kuTebogo.

Yahlehla indoda.

"Ngichazele kahle phela ukuthi ungubaba walapha ekhaya kanjani ngoba mina ngikubona ungumuntu wesifazane…" ehlehla nyova uTebogo.

"Akundaba yakho leyo ukuthi ngibonakala nginjani. Wena uzele ukuzobheka abantu emzini yabo ukuthi babonakala kanjani? Hhi? Uyabona ukuthi uyadelela ngempela," yilokhu belandelana evulandi.

"Deda *baby* ngiqede ngaye" iphimbo likaSindi owayephethe indishi yokugeza izitsha, inamanzi ashunqayo.

Waba ngukusho njalo nje uSindi wayidedela indishi enamanzi abilayo kuTebogo. Wapilingana utsotsi waseJozi, wadakha, indishi kapulasitiki enamanzi yamgeja yaye yawela phansi kuvulandi yafa phoqo.

1.1 Bakhulumela kuphi abasesiqeshini esingenhla? (1)

1.2 Yini eyabe icasula uPat esiqeshini esingenhla? (2)

1.3 Babelindele bani oPat njengoba kutheleka uTebogo emzini wabo? (2)

1.4 Isiphi izizathu esenza uTebogo afike kwaNhlapho ngalolu suku? (2)

1.5 Shono izizathu EZIMBILI uPat anqabe ukukhokha imali kaThiza. (2)

1.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.

Igama elibhaliwe ngokugqamile lisho:

USindi wabukeka **ekhungathekile**. (2)

A. ejabhile
B. ejabule
C. ekhathele
D. emangele

1.7 Chaza ngamaphuzu AMABILI ngokwasale kwenzeka endlini ngesikhathi uPat esaphumile eyobheka inja. (2)

1.8 Ngokwendaba, kwakwenzakalani kubantu ababekweleta uThiza. (2)

1.9 Ngabe isenzo somlingiswa onguTebogo sokufuna ukubuya ngenkani empilweni kaSindi siyemukeleka yini kuwe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.10 Phawula ngesu lokujeqeza emumva elisetshenziswe umbhali kuPat? (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

Lwamuthi heqe uvalo uSindi owayethukile, wahlehla kancane. Wasuka wahlala uPat, wazifikela qathatha kuyena engasadle nkobe zamuntu. Wafika wamuthi nkamfu entanyeni ngesandla esisodwa wajwijwa emoyeni uSindi waklikliza. Wambingelela ngezibhakela ezimbalwa ebusweni, wamyeka wathi fuhlahla phansi.

“Ngizokungqubuza mfazi ndini uyezwa?” uPat esebeke uSindi unyawo esiswini, embuka igazi limfimfa emlonyeni nasezinsinini.

“Uqinela mina ngoba ngiyingane, abangangawe uyabesaba,” qede wagoqongana uSindi ezifihla ikhanda eselindele noma yini.

Wamndondonya ngonyawo emhlane uPat, wamshaya waze wamgingqa ngalo. Ebona uSindi ukuthi uyoze aphunyelwe ngumoya wakhetha ukuzifisa. Waba sathe uyashaya uPat wazithulela uSindi, esephefumula ngokuwunyenyisa umoya.

“Angifuni ngiyalibeka nomfazi uyalibeka. Ngizokubulala nya ngenduku mina,” ebefuzela ephefumulela phezulu.

Wahlehla uPat waya embhedeni wafika wazidikliza kuwona. Wabuka owakwakhe elele okomuntu ongasaphefumuli, wacabanga isu azomuvusa ngalo. Wathula waphetha ngokuthi athi:

“Awuvuke-ke lapho uyongilingisela ukudlangingaze ngikuphinde.”

Nya impendulo. Lutho ukunyakaza uSindi.

1.11 Obani laba abalwa laba? (1)

1.12 Hlobo luni lodweshu olutholakala kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)

1.13 Baxabanela kuphi laba abasesiqeshini esingenhla? (2)

1.14 UPat wafika ekusiphi Isimo kwenzeka le ngxabano? Sekela impendulo yakho. (2)

1.15 Ngamaphuzu AMABILI chaza ukuthi yini ekhombisa ukuthi umxoxi/umlandi akayena omunye wabalingiswa endabeni. (2)

1.16 Isiphi isizathu uSindi asitshela uTebogo athi samenza ukuba ashade noPat? (2)

1.17 Phawula ngesenzo sikaSindi sokukhiyela uPat egunjini. (2)

1.18 Ngamaphuzu AMABILI hlaziya isingeniso sale ndaba. (2)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

**UMBUZO 2: *KUSA KUSA*- S.P. NHLEKO**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-C no- D) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

**SEBENZILE:** (*Ezishaya isifuba.)* Angisiye owokudlala phela mina.

**ZENZILE:** Waze wajabula bo Ntombi. Umuntu ake abe nguwe nje.

**SEBEZNILE:** Angithi wena awufuni ukwala le nto yakho, enguVusi? Yiza lapha kithi sikukhombise amadoda.

**ZENZILE:** Nami sengiyayehla manje le nqola engiyigibele ngoba sengathi ayingiyisi ndawo. Sengizobheka ezihambayo.

**NOMCEBO:** *(Ebabaza)* Habe! Kanti emhlabeni kunjani madoda? Zenzile sewuhehwe wavele waheheka? Ngokuzwa nje uSebenzile ekugabisela ngokushiwo yile ndoda yakhe eqeda kumfonela, aseyiqome ngelanga.

**ZENZILE:** Kanti-ke kuziqondanele nje. Nami sengifuna indoda esebenzayo, ezongirentela lapha emqashweni. Ingenzele nezinye izinto ezenziwa ngamadoda ezintombini zawo.

**ZENZILE:** Lapho-ke Zenzile uqinisile impela.

**FAKAZILE:** Buka nje ezethu izimali esiziholayo azisebenzi. Sizigcina emabhangi. Njengoba kunguMandulo nje, ngoZibandlela siyokwehla siye emakhaya sibomvu.

**ZENZILE:** *(Ebabheka bonke endlini.)* Ziningi kabi mina izinsizwa ezingishelayo, nesengizishikilisile ngoba ngenzela uVusi. Manje sengiyazisola. *(Ebuka uNomcebo emntshontsha.)* Kusasa lokhu okusayo ngiyamqoma loya mfana ongeshelayo. *(Ebuka uNomcebo.)* Abazwelana noVusi sebeyomqoma bona-ke.

**SEBENZILE:** Muphi umfana Ntombi? Ngabe siyamazi yini?

**ZENZILE:** Yebo niyamazi.

2.1 Zazana kanjani izintokazi ezixoxa esiqeshini ngenhla? (1)

2.2 Ubatshaziswa yini uNomcebo? (1)

2.3 Kungani uZenzile esefuna indoda esebenzayo? (2)

2.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Isimo sokukhuluma esibhalwe ngezansi sichaza.
Ezishaya isifuba… (1)
A. Ezibuka
B. Eshalaza
C. Eziphakamisa
D. Eziqhenya

2.5 Esiqeshini esingenhla caphuna igama elisho ukuba nemali. (2)

2.6 Qondanisa IMAKHOLOMU a neKHOLOMU B

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 2.6.1. UZenzile | A. Ufesa noVusi |
| 2.6.2. UMthiyane | B. Intombi kaVusi |
| 2.6.3. USfiso | C. Induna yasegalaji. |

(x3)

2.7 Ngephuzu ELILODWA, shono umehluko phakathI kukaZenzile noNomcebo. (2)

2.8 UVusi ungummeleli kulo mdlalo. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

2.9 Phawula ngesu elisetshenziswe umbhali ukuqamba abalingiswa abangezansi.
(i) UVusi (2)
(ii) UZenzile (2)

2.10 Ngokubona kwakho, ngabe wenza into enhle yini uZenzile uma ehlukana noVusi ngenxa yokuthi akasebenzi. Sekela impendulo yakho. (2)

**[20]**

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

**VUSI:** Sanibonani zintokazi.
*(Esho elula isandla ebaxhawula ngamunye ngamunye.)*
Kusaphileka kodwa? Ngizwile nangengozi enivelele wena sebenzile nawe Zenzile. Xolani zintokazi, uNkulunkulu uyakwazi akwenzayo. Nguye owazi ikusasa lomuntu.

**ZENZILE:** Siyabonga ngokuba uzihluphe uzosibona. Wenze kahle impela ngoba ubusungeke uphinde usibone. Siyahamba ngoMsombuluko. Ngeke siphinde sisabuya.

**VUSI:**Nami ngithe angizonibona, ngoba uNomcebo wayengitshelile ngengozi eyanivelela.

**ZENZILE:** *(Embuka ngokumntshontsha.)* Siyazibongela.

**NOMCEBO:** Uphumaphi nezimvilophi?

**VUSI:** Ngiphuma ekhaya.

**NOMCEBO:** Pho uyoposela kuphi ngoba ngithi sekuvaliwe manje eposini?

**VUSI:** Angiyile ukuyoposa, impendulo yalapho engangifafe khona isicelo somsebenzi kanye nawe.

**NOMCEBO:** *(Ethuka)* Usho ezibhedlela?

**VUSI:** Yebo. Ngabe wena abakuphendulanga yini?

**NOMCEBO:** Cha abakangiphenduli.

**VUSI:** Mina sebengiphendulile-ke esibhedlela salapha eNyukhasela.

**NOMCEBO:** Bathini?

**VUSI:** Bathi ngize ngizoqala mhla ziyishumi nane kuyo le nyanga.

2.11 Kungani sezibuyela emakhaya izintokazi? (1)

2.12 Chaza ngamaphuzu AMABILI ngokwenzeka kuZenzile noSebenzile. (2)

2.13 Hlaziya isakhiwo salo mdlalo ebhekise ezihlokweni ezingezansi.

2.13.1. Isingeniso (2)

2.13.2. Uvuthondaba. (2)

2.15 Chaza umlimgiswa uVusi ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.16 Uyavumelana yini nokuthi lo mdlalo wenzeka endaweni yasemadolobheni? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.17 Hlaziya isihloko salo mdlalo. (2)

2.18 Phawula ngengwijikhwebu etholakala kulo mdlalo. Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

**[15]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**